# Ngiyazi UMhlengi Wami Ukhona

. . . zonke izinsuku ezingcwele, lolu wusuku, usuku lovuko. Ukubuthana ndawonye ngokuthokoza kwenhliziyo, ngenxa yokuthi Uyaphila. Futhi Wathi, "Ngoba Ngiyaphila, nani niyaphila futhi." Futhi ithemba elinje pho, ukuthi besingaphumula kulo, kulokhu ukusa.

2 Manje nje ngaphambi kokuba sibe noMlayezo wasekuseni, asikhothamise amakhanda ethu, ukuqhubeka kancanyana, ngomkhuleko.

3 Nkulunkulu othandekayo, sinokubonga kulokhu ukusa, ukuba sibe ngabantu ababizwa ngeGama laKho. Sijabula kakhulu ukuthi asidingeki ukuba nje sikucabange, nhlobo, ngovuko olukhulu oluzayo; ngoba sekube yinto ephathekayo kithi, njengoba sikufunda eZwini laKho, futhi sibona ukuthi Ukwethembisile lokhu, futhi wakuzwakalisa phakathi kwemiphefumulo yethu, ukuthi uJesu uyaphila . . . [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

4 O, siyacabanga, kulokhu ukusa, ngobuhlungu obuningi benhliziyo okwedlulwe kukho empilweni, nezinsizi eziningi esedlule kuzo, nezehlakalo ezisidabulile, futhi zasiphonsela emimoyeni yomhlaba. Ukuthi sibangcwabe kanjani abathandiweyo bethu, futhi sizilile ethuneni. Futhi imiphefumulo yethu—yethu ibonakala sengathi icishe ishabalale phakathi kwethu. Kodwa, khona-ke, singacabanga ngenamhlanje, o, ukuthi kusho ukuthini ukuthi uJesu wavuka ekufeni! Wonakalisa onke amandla esitha, ngenkathi Evuka, enqoba. Wasusa zonke izithunzi. Manje sihamba ekukhanyeni okuligugu kokuvuka kwaKhe.

5 O, singacabanga, ngeminye iminyaka engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye, noma ngaphezulu, kulokhu ukusa, lapho abesifazane ababili abancane besendleleni yabo enyukela ethuneni, bezibuza ukuthi ubani oyosusa itshe. Kodwa uNkulunkulu wayesevele elisusile. Futhi Lowo owayebanjiwe, wayesevusiwe kwabafileyo futhi wakhuluma nabo. Futhi wathi, "Hambani, nitshele abafundi baMi, noPetru, ukuthi Ngizohlangana nabo ngapheseya eGalile."

6 O, siKubonga kanjani ngalesisehlakalo esikhulu kangaka, ukuthi sisengakwazi ukufakazela lolovuko, futhi luba nje yinto ephathekayo kithi njengoba lwalunjalo kubo ngalokho kusa, ngoba Uvukile kwabafileyo.

7 Sithethelele izono zethu namaphutha ethu, konke esikwenzile noma esikushilo, noma ngisho esikucabangile, obekuyiphutha, Nkosi. Sikhulekela ukuthi Uzosithethelela ngalezizinto. Futhi usibeke uphawu, ngokujulile. Sondela, kulokhu ukusa. O, izikhathi eziningi Umi emathunzini, lapho izinkathazo zethu zijule kakhulu.

8 Ngenkathi uMariya ejika ethuneni ngalokho kusa, futhi wayekhala izinyembezi, futhi wezwa iPhimbo emva kwakhe, elathi, "Ukhalelani izinyembezi na?" Wayengemuva kwakhe nje, ebukela nje ukuthi kwakwenzekani. Futhi ngenkathi Ekhuluma igama lakhe, ukuthi inhliziyo yakhe ifanele ukuthi yagxuma kanjani nje ngokwenama, ngoba iNkosi yakhe ivukile ekufeni.

9 O, khuluma kithi kulokhu ukusa, Nkosi. Siphe iZwi laKho noMoya waKho. Futhi usiqinisekise, kabusha, kulokhu ukusa, njengoba sikhuluma ngabaprofethi nalabo abehlukene abalinda lesisikhathi esikhulu.

10 Futhi silindela uvuko lwabantu bonke ezinsukwini zokugcina, lapho iNkosi yethu iyobuya khona futhi. Kuze kube yileyo nkathi, Nkosi, sigcine siphilile, sijabulile, sigcwele ukwenama, sithokoza. Futhi singaphili kuphela ngesinkwa sodwa, kodwa ngawowonke amaZwi aphuma emlonyeni kaNkulunkulu, kwangathi singaziphilisa. Siphe khona, Baba, ngokuba sikucela eGameni laKhe, lowo Owavuka ekufeni futhi wanikeza isiqiniseko sovuko lwethu. Amen.

11 Njengoba bengiza ngehla ngomgwaqo nje emizuzwini embalwa eyedlule, futhi bengicabanga, njengoba izinyoni bezicula, intwasahlobo enjena pho namhlanje! Emva... Lifaneleka kanjani pho iPhasika! Emva kobumnyama obukhulu nobusika obubandayo sebedlule, nakho konke kweziphepho ezinkulu zeqhwa zakho nokunye nokunye, bese-ke kuphuma ukukhanya kwelanga. Futhi ukufika kwelanga kuletha ukuphila okusha, ithemba elisha, izinkathi zonyaka ezintsha, izitshalo ezintsha, izimbali ezintsha. Yonke into iza ekuphileni. Kanjani ukuthi indoda, ngisho naleyo ebingakaze ibe neBhayibheli ukuba ilifunde, kodwa beyazi ukuthi ukhona uNkulunkulu. Lapho ingabuka nje imvelo, ukuthi ihamba kanjani nokuthi ifika kanjani; ikwindla yonyaka wokubethelwa; intwasahlobo yonyaka uvuko; futhi nje kungukubona uNkulunkulu kuyoyonke into.

12 Futhi bengicabanga, njengoba bengizwa izinyoni zami ezincane zicula, ngaphandle ebaleni kulokhu ukusa, amarobhini ami amancane, njengoba ngiwathanda nje. Ngiwabiza ngemisakazo yami emincane. Futhi ngiyaphuma bese ngivula umsakazo wami, wasekuseni, ngiwulalele.

13 Futhi, manje, niyayazi inganekwane encane ngerobhini. Yayiyinyoni encane ensundu, ngokusho kwenganekwane, kwaze kwaba nguLwesihlanu oLuhle. Futhi kwakunoMunye owayefa,

eyedwa, futhi kwakungekho namunye oMsizayo. Futhi Wama yedwa. Futhi Wabethelwa, futhi esiphambanweni. Futhi inyoni encane ensundu yayizama ukuMkhulula esiphambanweni. Futhi ekugxumeni iye emuva naphambili, ezipikilini, nasemeveni ekhanda laKhe, yathola isifuba sayo esincane sonke sibomvu-tebhu yigazi, futhi kusukela ngaleso sikhathi beyilokhu ibomvu.

Futhi ngacabanga, "O Nkulunkulu, yilolohlobo lwehawu engilufunayo."

14 Futhi uma uzoyiqaphela irobhini encane lapho iziphakamisa. Ngaphansi nje kwalowolayini omncane obomvu wamaqubu, ngubumnyama, yiwo wonke amaqubu ayo. Kodwa ihawu e—elibomvu liyayivikela.

15 Yilokho engikufunayo. Akunandaba ukuthi besingazama kanjani ukuba njalo, siselokhu siyizoni. Kodwa nje lelohawu elincane elibomvu liyikho konke okuyenza yehluke kwezinye izinyoni. Kubiza konke lokho ukusenza sehluke ezweni, yilelo elincane nje, ihawu elibomvu lomusa waKhe.

16 Siza kulokhu ukusa ngePhasika, njengakho konke nje ukusa kwePhasika sibuka phambili ukuba, ukubuthana kulokhu kuphuma kwelanga kwasekuseni kakhulu. Futhi kube yinhlanhla yami, kuleminyaka eminingi eyedlule, ukuza lapha etabernakele nokuzobhaphathiza abantu, nokushumayela kubo uvuko lweNkosi uJesu.

17 Futhi ngenkathi ngifunda, izolo kusihlwa, ngesiphepho, futhi bengicabanga, "Kungaba yimaphi amazwi afanelekile ukuba ngiwasho, ekuseni, enkonzweni yovuko na?" Futhi imicabango yami yawela phezu kwalendaba okungukuthi umfowethu usanda kuyifunda, kaJobe isahluko se 19, nele—lema 23 kuya emavesini ama 27. *"Ngiyazi UMhlengi Wami Ukhona,"* kwasho uJobe. Futhi ngikhethe lokho kube yindaba.

18 Futhi njengoba siza, sizela ini na? Kungenxa yalenhloso, kuphela, ukuthi besingathola amathemba amasha.

19 Sikulomhlaba lapha, futhi siyazi ukuthi siphila ebumnyameni. Asidingeki nje ukuba sithi ukucabanga lezizinto, noma sizikhohlise nje, njengoba kwakunjalo, ngoba siyazi ukuthi siphila emathunzini okufa. Ngasosonke isikhathi sizwa ukukhala kwe-ambulensi, uma sedlula amathuna, uma sibona isibhedlela, zonke izinwele ezimpunga, zikuphawula ezinkumbulweni zethu ukuthi singabantu ababhubhile, kubo bobabili abancane nabadala.

20 Futhi siza ekuseni okunjalo, ukuzothola amathemba, amathemba athize amasha alokho esikuzele, nokuthi iyini inhloso. Futhi ngicabanga ukuthi lesi yisikhathi esimangalisayo sokucabanga ngamathemba uNkulunkulu asiphe wona. Manje sifuna ukudonsa lokhu, kuqala, kungene engqondweni yethu, ukuthi ayikho nento eyodwa engasibhubhisa ize inhloso

yaKhe Owasidala isigcwalisekile. Bekungeke kubekhona lutho. Senzelwe inhloso.

21 Lelibandla lakhiwa lapha ngenhloso. Lesisisekelo asimbiwanga, netshe legumbi labekwa, namabloksi abekwa e—esakhiweni, nophahla nengaphakathi, akuzange kubekwe lapha ukuthi sibone ukuthi kungenzeka yini. Kwabekwa lapha ngenhloso, noma kwenzelwa inhloso.

22 Ikhaya lakho ohlala kulo, alizange nje libekwe lapho ngenxaphephe, noma omunye umuntu wayechitha isikhathi esithize nje. Ikhaya lakho lenzelwa inhloso, ukufeza inhloso.

23 Uma ushayelile, kulokhu ukusa, lapha, emotweni yakho, leyomoto ayenziwanga nje ukuba kubonakale ukuthi ingenziwa yini. Izinto zokwakha azizange zimoshwe ngumuntu. Yabekwa lapha ngenhloso, nokufeza inhloso.

24 Izimpahla ozigqokayo, kwakungesikho nje ukubona ukuthi ngabe umuntu othize angenza imfashini okuthize. Yenzelwa inhloso.

25 Ukudla okudlayo, akulinywanga emhlabeni ukuba nje ukubuke kukhula. Kwenzelwa ukufeza inhloso.

26 Futhi uNkulunkulu akadingekanga nje ukuba enze isihlahla ukuthi sibe yisihlahla nje. Wenza isihlahla esenzela inhloso.

27 Futhi uNkulunkulu akenzanga wena nami, nje ukubona ukuthi Angakwenza yini. Wasenzela inhloso. Ngakho-ke, kunenhloso yethu sonke yokuba lapha. Awukho lapha nje ukuthi ube ngesinye isidalwa esingumuntu. Ulapha ngenxa yokuthi uNkulunkulu wakwenzela inhloso ethize. Awukho lapha nje ukuthi udle ukudla uNkulunkulu akulimile. Awukho lapha nje ukuba uhlale endlini umuntu a—ayenzile, noma ugqoke izimpahla omunye umuntu azenze imfashini. Ulapha ngenhloso eqondene ngqo. Akunandaba ukuthi umncane kangakanani, ukuthi umkhulu kangakanani, ukuthi ubaluleke kangakanani, noma ukuthi awubalulekanga kangakanani, ulapha ukuzofeza inhloso.

28 Njengoba nje, umunwe wami ulapha ngenhloso. Uzipho lwami emunweni wami lukhonela inhloso. Iso lami, nayo yonke ingxenye yemizimba yethu, eyokufeza inhloso. Futhi belungakabekwa lapha ukuba ubone nje ukuthi luyobukeka kanjani uma selufakwe lapha, kodwa lwafakwa lapha ukuba lufeze inhloso yalo. Kwakuluhlelo lukaNkulunkulu lobuNkulunkulu ukwenza kanjalo.

29 Futhi uma besibekwe lapha ngenhloso, khona-ke akukho lutho olungasibhubhisa ize inhloso kaNkulunkulu isigcwalisekile. Akukho lutho olungasilimaza ize leyonhloso, uNkulunkulu asibekele yona lapha, seyibonakalisiwe. Akunandaba ukuthi sinenkinga engakanani, bungakanani

ubuhlungu bekhanda noma izinsizi esedlula kuzo, zonke zalezi izizathu, futhi kunesizathu saso.

30 Sizothatha, okwesibonelo nje, uNowa, eBhayibhelini. Kwakunozamcolo owafika, futhi wonke umhlaba wabhujiswa. Izitshalo nakho konke kwabhujiswa ngaphandle kukaNowa nenzalo ayeyithathe wayingenisa emkhunjini.

31 Inhloso kaNkulunkulu ingeke neze inqotshwe. Akukho lutho olungayinqoba. Ngakho-ke besifanele sibe ngabajabule kanjani pho namhlanje, siphumule phezu kwaleso sambulo esihle seZwi likaNkulunkulu ophilayo, ukuthi akukho zinto ezikhona, kanjalo nezinto ezingake zifike. Akukho kugula, akukho sizi, akukho kufa, akukho kuba sengozini, akukho lutho olungasehlukanisa nenhloso kaNkulunkulu ophilayo. Lokho uNkulunkulu ayekucabanga emqondweni waKhe, lokho uNkulunkulu ayekuhlosile enhliziyweni yaKhe, ukuba akufezekise; akukho dimoni, akukho mandla, akukho lutho olungake lwehlukanise elikaNkulunkulu elingafi, icebo eliPhakade. Kufanele kube njengoba uNkulunkulu ekushilo.

32 Khona-ke siyathola, ukuthi ezinsukwini lapho khona konke okomhlaba kwakuzobhujiswa ngozamcolo, ukuthi uNkulunkulu wenza ukulungiselela. Ukulungiselela yiphi imbangela na? Ukugcina inhloso yaKhe. Wakwenza ezinsukwini zikaNowa.

33 Futhi Uyakwenza namhlanje. Wenze ukulungiselela, ukulondoloza enhlosweni yaKhe. Uzolondoloza iBandla. Uzolondoloza abantu. Uzolondoloza izikhonzi zombuso waKhe omkhulu, lokho kufa ngeke kukwazi ukubhubhisa. Futhi siyaqaphela ukuthi kungokukholwa ukuthi sikholwa yilokhu, kodwa uvuko luveza isisekelo esiqinile lapho ukukholwa kwethu kuphumule khona. Akukho okungakubhubhisa. Njengoba imbongi yake yabhala:

> O, ukunambitha kwangaphambili okunje pho kwenkazimulo yobuNkulunkulu!
> Indlalifa yensindiso, ethengwe nguNkulunkulu,
> Yazalwa ngoMoya waKhe, yagezwa eGazini laKhe.

34 Isiqiniseko esinje pho, phezu kwaleliDwala eliqinile, uvuko leSithandwa sethu esibusisiwe, iNkosi uJesu. Akukho okungasibhubhisa. Sesihlwanyelwe. YiMbewu kaNkulunkulu. Kuyinhloso kaNkulunkulu ukusinika uMoya oNgcwele obusisiwe. Kuyinhloso kaNkulunkulu ukusikhombisa izibonakaliso nezimanga nezimangaliso. Yinhloso kaNkulunkulu, futhi akukho okungayibhubhisa. Onke amandla esihogo angahle abheje ngokumelene nayo, kodwa izonqoba. Sinesethembiso sikaNkulunkulu saPhakade. Kungahle kubekhona othisha, kungahle kubekhona izinkolo ezigqamile ezivukayo, kungahle kubenezinhlelo

ezinkulu ezivelayo, kungahle kubekhona izinto ezibukeka sengathi izobhujiswa, kodwa ayisoze ibhujiswe. Kuyinhloso kaNkulunkulu ukubona ukuthi izonqoba. Ngakho-ke, akukho kimi, futhi akukho kuwe, ukuthi izobhujiswa noma qhabo. KukuNkulunkulu. Futhi singaphumula siqinisekile kuyo, ukuthi uNkulunkulu angeke avumele ifa lethu ukuba libhujiswe, ngoba kuyinhloso yaKhe ukusinika lona.

35 Manje besingacabanga, futhi, namhlanje, phezu kwezimbubhiso, ezama ukubhubhisa. Sinesethembiso esingesikaKristu uqobo.

36 Sicabanga ngabantwana bamaHeberu, lapho uNkulunkulu enenhloso ngabo. Ngenkathi besezansi eBabiloni, futhi isithando somlilo sasishiswe kasikhombisa kunesake sashiswa, ukubhubhisa inhloso kaNkulunkulu. Futhi lonke iBabiloni lalidlangile. Babezimisele, uSathane wayezimisele, ukubhubhisa inhloso kaNkulunkulu, ngoba wayazi ukuthi labobantwana wayeya esithandweni somlilo. Ngakho wenza isithando somlilo, lapho basishisisa, sashisa ngokuphindwe kasikhombisa, ukuqiniseka ukuthi uhlelo lukaNkulunkulu luzobhujiswa. Kodwa uNkulunkulu wayefuna ukubonisa obala amandla aKhe, futhi yonke iBabiloni nesihogo sonke bekungeke kunqobe leyonhloso. Qhabo, mnumzane. Akunandaba noma ngabe bebangakwazi ukushisisa lesosithando somlilo ngokuphindwe kasigidi, besingeke neze nje sibhubhise inhloso kaNkulunkulu. UNkulunkulu wayefuna ukukhombisa ukuthi WayenguNkulunkulu wokukhulula, futhi Wayezoletha ukukhululwa kunoma ubani Ayefisa ukukuletha kuye, futhi akukho lutho olungaphazamisa uhlelo lwaKhe.

37 Ngakho ngenkathi sebesishisisile isithando somlilo, babazi kancane uShedraki, uMishaki no-Abedinego ukuthi babevela kuleso sithando somlilo. Ngokuba bathi, bona ngokwabo, "UNkulunkulu wethu angakwazi ukusikhulula. Kodwa, noma kunjalo, singeke sikhothame esithombeni." UNkulunkulu wayenothize owayezoMkhonza, nenhloso yaKhe beyingeke yehlulwe. Umlilo wawungeke—wawungeke ukwazi ukwehlula inhloso yecebo likaNkulunkulu.

38 Futhi, o, ngithanda kanjani pho ukusho lokhu, kulokhu ukusa. Onke amabhomu ehayidrojeni emhlabeni angeke ehlule uvuko lweBandla laKhe. Konke okuchaza kusuke, nazo zonke izibalo, no—nokunye nokunye, lokho lelizwe elihlakaniphile elikufihlile, ngenhloso yalo yokwenza okuthize ngakho, ukubhubhisa ukukholwa kwabantwana bakaNkulunkulu, lingeke lize likwenze. Lolokholo luzohlala kuze kube phakade.

39 Kwakuyinhloso kaNkulunkulu ukukhombisa ukuthi Wayenamandla phezu kwezilo zasendle zamasimu. Futhi bafaka amabhubesi emgedeni ngesinye isikhathi. Futhi babewalambisile aze alamba kakhulu, ukuthi angadwengula u—

umuntu abe izicucu, ngokuxhakathisa nje okukodwa okukhulu. Futhi udeveli wacabanga, “Impela, ngizokwazi ukubhubhisa lomprofethi, uDanyeli.”

40 Kodwa uDanyeli wayehlosile enhliziyweni yakhe ukwenza inhloso kaNkulunkulu. NoNkulunkulu wayekubekile lokho enhliziyweni yakhe. Ngaphambi kokuba uDanyeli ake abe nalesisifiso, kwakufanele kube khona into ethize ezodala lesosifiso. Ngaphambi kokuba abe nalolokholo, kwakufanele kube nokuthize okumtshela ukuthi kwakukhona uNkulunkulu ongakwazi ukukhulula.

41 Futhi, o, lokho kuhambisana kanjani kulokhu ukusa, nokukholwa, ukukholwa okuphilayo kukaNkulunkulu ophilayo, eBandleni laKhe. Kukhona okuthize enhliziyweni yethu okukhulumayo ukuthi kuneZwe ngapheseya komfula. Ngingeke ngikwazi ukubeka umunwe wami kuleloZwe, kanjalo futhi akukho muntu ongakwazi, kodwa kukhona okuthize phakathi kwethu okusitshela ukuthi:

> Ithuna akusilo impokophelo layo;
> Futhi uvela othulini, uyobuyela othulini,
> Akukhulunywanga ngomphefumulo.

42 Kunento ethize phakathi kwethu, umlilo ovuthayo, ukukhanya okukhanyiswe nguNkulunkulu, futhi akukho mimoya elula engakuphephetha ikucishe. Akukho kubanda okukhulu kwesikhathi ebandleni, akukho kunganaki phakathi kwabantu, akukho kuhlushwa kwezwe, okungakwazi ukucisha ilangabi uNkulunkulu alokhele. Ngokuba kuyinhloso kaNkulunkulu ukuthi ukukhanya kwaKhe okwenziwe ithoshi kwenkululeko kuyovutha kuze kube ngukuFika kweNkosi, futhi akukho mandla angakucisha. Bayokwenza kuphela kukhanye kakhudlwana kunakuqala lapho besaphephetha. Kufakazelwe eminyakeni ukuthi ukuhlushwa kuqinisa iBandla.

43 Futhi uDanyeli, engazi ukuthi uNkulunkulu uzokwenza kanjani, futhi engazi ukuthi uNkulunkulu uzokwenza yini noma qhabo, kodwa azi ukuthi Wayengakwazi, futhi, ukuba akwenze, futhi azi ukuthi okuthize phansi kuye kwamtshela kanjalo. Niyabo, uNkulunkulu wayenenhloso. Wayenayoyonke into isebenzela leyonhloso.

44 Futhi konke, namhlanje, akunandaba ukuthi siye sibonakale singabanganaki kanjani ngezinye izikhathi, nokuthi izinto zihamba ngokuxakile kanjani, nokuthi iBandla liba kanjani ku*lesi*simo na*leso*simo, konke kuyinhloso yobuNkulunkulu kaNkulunkulu ukusibumba nokusenza ngendlela yaKhe uQobo. Ubani owaziyo ukwenza imfashini impahla yokwakha ukwedlula uMdali na?

45 Namabhubesi awakwazanga ukudla umprofethi, ngoba uNkulunkulu wathumela iNgelosi. WayeneNgelosi eyayimi ikhona ukuvikela lomprofethi, ngoba uNkulunkulu

wayenenhloso. Wayefuna ukukhombisa leyonkosi eyayizitshela isandla saKhe esinamandla nenhloso yaKhe.

46 Ngicabanga ukuthi yilokho okuqhubekayo namhlanje, ukuthi uNkulunkulu ulungiselela abantu, ukuze Abonise isandla saKhe esinamandla, ukuze agcwalise inhloso yaKhe enamandla. O, ngijabula kakhulu, kulokhu ukusa, ukuthi Uyaphila enhliziywenі yami, ukuthi Akasuye uNkulunkulu ofile. UnguNkulunkulu ophilayo. Futhi phansi le kimi . . .

47 Izolo ekuseni, bengihlezi esihlalweni somgundi zinwele, ukuba ngigundwe izinwele. Umfo osemncane ubegunda izinwele zami, ezansi esitolo sikaMfowethu Egan. Futhi bengihlezi nje lapho, ngibhekise ikhanda lami phansi. Futhi, o, bengikhathele kakhulu. Imihlangano yami ubumude kakhulu, futhi ngizama ukusuka, ekuseni, ukuyophumula kancane ngaphambi kokuba izinkonzo ezilandelayo ziqale. Futhi bengikhathele kakhulu, kubonakala nje sengathi inhliziyo yami beyizoyekela ukushaya. Futhi ngisahlezi lapho, khona manjalo, bengizwa wonke umuntu ekhuluma, kodwa kubonakala sengathi bengiphandle emkhathini.

48 Ngacabanga, "Ngabe ngibenokuhlaselwa yinhliziyo yini, futhi ngiyasuka nje kulesisihlalo somgundi-zinwele na?" Ngacabanga, "Ngiyamangala uma kuyilokho okwenzekayo na?" Ngezwa izandla zami; zazindikindiki. Nenhliziyo yami yabonakala sengathi yayiyeka ukushaya. Futhi ngacabanga, "O, kodwa nalo iVangeli elifanele ukushunyayelwa. Futhi akukho mandla angangithatha ize inhloso kaNkulunkulu igcwaliseke."

49 Akukho lutho olungangilimaza, akukhonto, ize inhloso kaNkulunkulu igcwaliseke. Futhi uma leyo seyigcwalisekile, ngifuna ukuhamba nenhloso yaKhe. Uma Eseqedile, nami-ke, futhi. Uma Eseqedile ngami, sengiqedile ngokuphila.

50 Uma Eseqedile ngawe, sewuqedile, nawe. Manje-ke mehluko muni okuwenzayo na? UNkulunkulu ubamba konke esandleni saKhe. Noma ngabe sibancane noma sibadala, asazi ukuthi inhloso kaNkulunkulu izogcwaliseka nini futhi isiqediwe. UNkulunkulu uthatha izingane ezincane, ngesinye isikhathi, ukukhombisa ukuthi Angaqondisa umphefumulo wazo omncane. Yonk'into Ayenzayo ngeyenhloso. Wathi, ngeke ngisho umzwilili ongawa ezulwini, ngaphandle kokuba Awazi. Yonk'into iya ngenhloso yaKhe, ngalelohora nje nangesikhathi. Konke kusohlelweni lwaKhe lobuNkulunkulu. Akukho lutho olungabhubhisa.

51 Kwakuyisiqiniseko kanjani ku-Abrahama, emva kokuba esethole uNkulunkulu, futhi wazi ukuthi uNkulunkulu wayenenhloso. Ukuthi, kulenhloso, Wayezoletha, ngo-Abrahama noSara, indodana. Futhi ngalendodana, u-Isaka, kwakuzofika iNkosi uJesu. Futhi kulenhloso, Wayeletha uSara noAbrahama, futhi wayezobenza abantu abakhulu futhi balethe

lendodana; ukuthatha bona kanye abantu ababi kakhulu ngakho konke, ukwenza ngabo.

52 Kuxake kanjani pho, ukuthi uNkulunkulu uhamba ngezindlela ezingaqondakali! Awu, kwakubukeka ngathi, ukube Wayefuna ukuletha umntwana ngo, emhlabeni kanjalo, Wayengathola omunye owesifazane owayelungele ukuzala. Kwabonakala sengathi ngabe Wathola enye indoda engazalisayo. Njengo-Abrahama noSara, babekade beshade eminingi, iminyaka eminingi, futhi wayengazali. Wayengeke akwazi ukukhulisa umntwana. Awu, kwakubonakala sengathi, khona-ke, Wayefanele ngabe wathola omunye owesifazane osemusha owayengazala, ongabe waletha lomntwana. Kodwa uNkulunkulu uyathanda ukukhombisa umusa waKhe. UNkulunkulu uyathanda ukuthatha into ethize engelutho bese enza utho ngayo, ngoba UnguMdali.

53 Yingakho nje Athatha wena nami. Sasingelutho, ukuze Akwazi ukwenza abantwana baKhe uQobo, ngathi esasingabokudatshukelwa, nabalusizi, futhi silahlekile, futhi siyizimpumputhe, futhi singathandeki, ukusenza sibe ngabantwana baKhe abathandekayo. Kuyinhloso kaNkulunkulu ukwenza kanjalo.

54 Bese kuthi-ke, futhi, kwakubonakala sengathi uNkulunkulu ngabe wathatha owesifazane osemusha nensizwa, ukuba enze lokhu, owesifazane osemusha nensizwa ababesanda kushada nje. Wayengathi, "Manje, anikabi nabantwana. Futhi Ngizothatha nina, indodana yenu yokuqala ezozalwa, futhi Ngizo . . . Izoba ngu-Isaka waMi."

55 Kodwa uNkulunkulu wakhetha indoda eneminyaka engamashumi ayisikhombisa nanhlanu ubudala, nowesifazane onamashumi ayisithupha nanhlanu, ukwenza inhloso yaKhe, ukukhombisa ukuthi ungaba yikho kokubili omncane noma omdala, uNkulunkulu usengakwazi, futhi uzokwazi, ukusebenza inhloso yaKhe. Impela. Futhi ngenkathi uAbrahama wayenamashumi ayisikhombisa nanhlanu, wathola isethembiso sikaNkulunkulu. Wasitshela uSara.

56 Futhi manje udeveli wathi, "Uyazi ukuthini? Ngizokubambezela lokho okwesikhashana. Ngiyakholwa uma ngizobagugisa kakhulu, bazolahlekelwa ukukholwa, futhi bazokwazi ukuthi kungeke kwenzeke. Uma sebevele beqhaqhazela emashumini ayisikhombisa nanhlanu; uma nje ngingake ngikugcine lokho okwesikhashana!" Futhi wakugcina kude kwaze kwathi uAbrahama noSara basebeqhothile ngokuguga, izinwele ezimpunga namahlombe aqhothile.

57 Kuvele nje kukhombise ukuthi akukho lutho olunganqoba inhloso yaKhe. Hhayi ngisho nokufa okunganqoba inhloso yaKhe. "UAbrahama wayesefana nofile nje." Nesibeletho sikaSara sase sifile iminyaka engamashumi amane noma

amashumi amahlanu, kodwa akukho lutho olunganqoba inhloso kaNkulunkulu. Umzimba wakhe wawusugugile; wawushwabene; imithambo yobisi yase yomile. Inhliziyo yakhe yayibuthakathaka kakhulu ingeke ikwazi ukudlula ekubeletheni. Kodwa uNkulunkulu usazisile lapho, ukuthi inhloso yaKhe ingeke yehlulwe. Waguqula uSara, futhi wamenza owesifazane osemusha futhi. Wase ethatha indoda, eneminyaka eyikhulu ubudala, futhi wayibuyisela ebusheni bayo.

58 Akukhathaleki ukuthi kubonakala kungenangqondo kanjani, uNkulunkulu wanikeza isethembiso. "NoAbrahama akangabazanga esethembisweni sikaNkulunkulu, ngokungakholwa; kodwa wayeqinile, enikeza uNkulunkulu udumo, ngoba waMehlulela, ukuthi Wayekwazi ukwenza lokho Ayekwethembisile."

59 Ngakho-ke besimele sibe yini kulokhu ukusa na? "Singabantwana besethembiso saKhe. Thina sifile kuKristu, siyiNzalo ka-Abrahama, futhi siyizindlalifa kanye naYe, nesethembiso." Ngakho-ke, akunandaba ukuthi kuza ukugula okungakanani, ukuthi hlobo luni lokufa esikufayo, ukuthi sedlula endlaleni engakanani, inhloso kaNkulunkulu ingeke yehlulwa. Uyosivusa futhi. "Ngoba Ngiyaphila, nani niyakuphila." Yilelo ithemba lethu.

60 Uma ngazi, namhlanje, njengoba kulusuku lwami lokuzalwa, futhi sengiba ngumkhulu. Ngizibuka esibukweni futhi ngibona ukuthi lowomfana omncane, owakha lelitabernakele, akasesiye lowomfana nhlobo. Useyindoda egugile, amahlombe aqhothile, intshebe isiphenduka ibampunga, unwele luyaphuma, kodwa akukho okungehlula inhloso kaNkulunkulu. Akukho lutho olungakwazi! Ngakho-ke ngiphumula ngokuqinisekile phezu kwesethembiso, "Ngoba Ngiyaphila, niyophila nani." Ngijoyinana noJobe wasendulo, "Ngiyazi umhlengi wami ukhona, futhi ngosuku lokugcina Uyokuma emhlabeni." Yinhloso uNkulunkulu anayo. Ngifanele ngifeze lenhloso. Ukuphila kwami konke kufanele kulethwe enhlosweni yaKhe, nasohlelweni lwaKhe. Ngamunye wethu ungaleyondlela. UNkulunkulu unenhloso lapho . . .

61 UAbrahama omdala wayengakwazi—wayengakwazi ukubekezela, njengoba ebona Yena Ongabonwayo, ngoba kwakuyinhloso kaNkulunkulu, ukuthi uyazi ukuthi uNkulunkulu wamnika isethembiso. Khona, kungenandaba ukuthi yonke into ibonakala iphambene kanjani, uNkulunkulu wanikeza uAbrahama lesosethembiso. Ngakho, uNkulunkulu wagcwalisa isethembiso saKhe. Wakwenza, ku-Abrahama. Wakwenza, kubo bonke ababantwana baKhe. Futhi Uyosigcina isethembiso saKhe.

62 KwakunguMose, ngenkathi efundiswe kukho konke ukuhlakanipha kwabaseGibhithe, lapho azi ukuthi uNkulunkulu wayenenhloso empilweni yakhe.

63 KwakunguJokebedi, unina, owathatha umntwana wakhe othandekayo, umntwana omuhle kunabobonke emhlabeni wonke, ngalesosikhathi, umfo omncane onomoya omuhle; futhi wamfaka emkhunjini futhi wamshovela eNile, lapho izingwenya zazikhuluphele ngabantwana abancane bamaHeberu, ngoba babekade bebapha izingwenya. Futhi wathatha ingane yakhe futhi wayiphonsela ngqo emihlathini yokufa, azi lokhu, ukuthi inhloso kaNkulunkulu ingeke yehlulwe. "Nkulunkulu ka-Abrahama, nakekela umntanami, futhi umlethe enhlosweni Omlethele yona." Kwakungekho manzi enele eNile ukuba amcwilise. Kwakungekho zingwenya ezenele umhlaba wonke ezazingamgwinya. Wayengokhethiwe kaNkulunkulu.

64 Futhi njengoba wayengokhethiwe kaNkulunkulu, ngaleyonhloso, singabakhethiwe bakaNkulunkulu namhlanje, abakholelwa ekuvukeni kweNkosi uJesu. Futhi akukho mabhomu, akukho sihogo, akukho lutho olunye olungabhubhisa inhloso kaNkulunkulu. Sifanele siye ovukweni. Isethembiso esinaso sikaNkulunkulu. Inhloso kaNkulunkulu.

65 Futhi, uMose, eseneminyaka engamashumi amane ubudala ngokugcwele, indoda ephakathi nendima yempilo, futhi wayeqeqeshwe esikoleni. Kodwa uNkulunkulu unendlela ethize esheshayo, ngezinye izikhathi, yokwenza izinto zaKhe zifezeke, lezo Azethembisile. Ukuthi Wamthatha kanjani uMose emuva ngemuva logwadule, futhi amenze ezwe ukukhala nokuhlaselwa, lapho ebhadazela ehlane. Futhi esesemuva lapho, eyedwa ogwadule, nemimoya ehelezayo, ofezela nezimfezi, futhi, eyedwa, ehlane, waze wacishe wabhubha. Akukho lutho olungehlula inhloso kaNkulunkulu. UNkulunkulu waveze uMose, futhi uMose wayemele enze lokho uNkulunkulu ayemtshele ukuba akwenze, ngoba inhloso kaNkulunkulu ingeke yehlulwe.

66 Kwakungumlingisi wethu, kulokhu ukusa, uJobe, ukuthi ngenkathi esekujuleni kunakho konke kokukhathazeka kwakhe, lapho konke okwezingcebo zakhe kwakusukile kuye. Abantwana bakhe wayefile. Umzimba wakhe wawuvumbuke amathumba. Futhi wayengene ekukhathazekeni okukhulu kunakho konke ake aba kukho. Ehlezi endundumeni yomlotha, nodengezi, enwaya amathumba. Nomkakhe emnyango, "Kungani ungamthuki uNkulunkulu futhi ufe na?"

67 Lapho amalunga ebandla lakhe ayemfulathele, izinsuku eziyisikhombisa, futhi ambeka icala. Kanti, ayefanele ngabe ayamduduza. Kodwa ayembeka icala ngokuba yisoni sangasese, bembeka icala lokuba ngumhlubuki.

68 Kwakungalelohora elikhulu, kwakukulowo mzuzu omkhulu, kwakuyisikhathi lapho uNkulunkulu athatha uJobe wamyisa ezihlabathini ezingcwele; lapho Ayisa khona lonke ikholwa, ukuya esehlakalweni, kwingemuva logwadule, njengoba Enza uMose; ukuya ekamelweni elincane eliyimfihlo, lapho Akuyisa khona; akuyise emkhukhiwini wamalahle, lapho ngaKwemukela khona. UNkulunkulu unendawo, nenhloso, nesikhathi. Futhi ngenkathi Efake uJobe kulesisimo, Waba naye phezu kwezihlabathi ezingcwele, ngoba Wayezokwembula okuthize kuye, obekungasoze kusuke.

69 O, ngalezo zihlabathi ezingcwele! Ufanele ayise wonke umntwana wangempela lapho. Ukuyisa kulezo zindawo, lapho kungekho develi ongake afike khona. Akukho thisha ongaKuchaza akususe. Ukunika okuthize kulezo zihlabathi emuva lapho, lokho kwesehlakalo, ukuthi awusoze ukhohlwe inqobo nje uma iminyaka iqhubeka; kungakhathaleki ukuthi umama wakho akakholwa kanjani, ubaba wakho, umyeni wakho, umkakho, osebenzisana nabo, bangaba kanjani. Lonke ikholwa leqiniso linaleyo ndawana lapho uNkulunkulu ahlangana khona nalo. Alikho nalinye elisala ngaphandle. Lonke ikholwa linayo. Wonke umuntu ozelwe nguMbuso kaNkulunkulu uyayazi leyondawana, lowo mzuzu, lelo hora lapho uNkulunkulu amthatha khona. Nakulezozihlabathi ezingcwele, eBukhoneni besihlahla esivuthayo, Wenza into ethize kulelokholwa, ukuze wonke umqondo wezwe ungakwazi ukubhubhisa. "Phezu kwaleliDwala, Ngiyolakha iBandla laMi, namasango ehayidese awayikuLahlula." Phezu kwaleliDwala, isambulo sikamoya sikaJesu ovusiwe ekufeni! Phezu kwaleliDwala!

70 UJobe, ekucindezelekeni kwakhe, yonke into ihambile. Umkakhe wayemjikele, futhi wayembeka icala. Futhi bonke abangani bakhe olikholwa wayemjikele ngoba bebanesayense yezenkolo kuphela. Futhi bonke abanye babemjikele.

71 Kodwa uNkulunkulu wathi, "Woza lapha, Jobe. Ngizokunika okuthize, mfana. Ngizofaka phakathi kwakho okuthize lokho bonke odeveli esihogweni abangeke bakwazi ukukunyakazisa kuphume." Futhi ku . . . Wonke uthisha emhlabeni angahle akubeke icala, ngendlela eyodwa noma ngenye, kodwa akusoze kunyakaze. Uyazi ukuthi wenzani na? Wavele nje waphakamisa ikhethini kancane, wase ethi, "Jobe, buka laphaya!" Futhi uJobe wabonani na? Ucabanga ukuthi wabonani na? Wabona iPhasika, okokuqala ngqa. Wabona iPhasika lokuqala, futhi wakhala kakhulu, "Ngiyazi uMhlengi wami ukhona!"

72 O, indawo ebusisiwe kangaka pho ukuba kuyo! Wonke owesilisa okhethwe nguNkulunkulu, nawowonke owesifazane nomntwana, beza kuleyondawana kulezo zihlabathi ezingcwele, lapho uNkulunkulu ephakamisa khona ikhethini futhi uyaMbona emandleni aKhe ovuko. Uyazi ukuthi Uyaphila. Futhi

thina, njengoJobe, singakhala, "Ngiyazi uMhlengi wami ukhona, futhi ezinsukwini zokugcina Uyakuma phezu komhlaba. Nakuba izibungu zesikhumba zibhubhisa lomzimba, nokho kulenyama ngiyakumbona uNkulunkulu."

73 Lokho kubuka kokuqala kwePhasika kwenza umprofethi wakhala kakhulu. Nemidumo yaduma, nemibani yabanika. Wabona iPhasika, okokuqala kwakho. Walibona nini na? Hhayi ngenkathi egqoke izimpahla zakhe ezilungiswe kahle; hhayi ngenkathi enezinwele zakhe zikanyiwe, mhlawumbe, kahle kakhulu; hhayi lapho ejabulela khona impela ukuphila okuhle kunakho konke. Kodwa ngenkathi esenkathazweni, ngenkathi elele enkathazweni, ngalelohora, futhi cishe lokufa kwakhe, yilapho-ke abona khona iPhasika. Yilapho abona khona uvuko lokuqala.

74 O, kube ngokufanayo kuwe nakimi. Kungenkathi silele ealtare, ndawana thize, size silungele ukufa, futhi wathi, "Nkosi Nkulunkulu, ngenzele okuthize!" Kungaleso sikhathi lapho uNkulunkulu aphakamisa khona ikhethini sase sibona iPhasika.

75 Sibona iPhasika, hhayi ngendlela yesayensi yenkolo, kangako. Asikaze silibone iPhasika, nje ngokugqoka izimpahla ezintsha. Asikaze silibone iPhasika, njengonogwaja abancane namaqanda anemibala. Sibona iPhasika emandleni ovuko lweNkosi uJesu Kristu. Lelo kwakuliPhasika langempela.

Futhi ngenkathi esekhale kakhulu, uNkulunkulu waphendula emuva ngoMlilo.

76 KwakunguDavide ngenkathi enqatshiwe futhi esezweni lokubhaca. KwakunguDavide, emva kokuba onile futhi wenza lokho kuganga okubi kakhulu. KwakunguDavide ngenkathi wayedidekile nendodana yakhe ithathiwe, injabulo yenhliziyo yakhe. KwakunguDavide, umprofethi nenkosi, owakhala lapho ebona ukuthi useyaguga, futhi ufanele abuyele othulini lomhlaba. KwakunguDavide owathi, "Ngaphezu kwalokho, inyama yami iyakuphumula ethembeni, ngoba Angeke avumele Ongcwele waKhe abone ukubola, kanjalo futhi angeke Ashiye umphefumulo waKhe esihogweni."

77 Kwakungenkathi uDavide enesikhathi sakhe esibi kunazo zonke. Kwakungenkathi uDavide wayedidekile futhi ecindezelekile, futhi esehoreni lokufa ngqo, cishe, ukuthi lapho uNkulunkulu ephakamise khona ikhethini, wathi, "Buka ngaleya, Davide!"

78 UDavide wathi, "Inyama yami iyophumula ethembeni, ngoba Angeke ashiye Ongcwele waKhe abone ukubola. Kanjalo futhi Angeke ashiye umphefumulo waKhe esihogweni, kanjalo inyama yami iyakuphumula ethembeni."

79 O, kungalelohora, mngani. Kungaleso sikhathi. Kukulawo abalulekile, amahora okubethela esibona khona uvuko.

Kukuleso sikhathi, ukuthi lapho uNkulunkulu ethanda khona ukuveza obala umusa waKhe. Kukuleso sikhathi lapho uNkulunkulu ethanda khona ukududuza abantwana baKhe.

80 Ihora elimnyama kunawo onke lelizweni elake lalibona kwakunguLwesihlanu oLuhle; lapho onke amathemba, konke okwakulotshiwe, onke amathemba ababenawo ayeyilokho okwakulotshwe ephepheni. Onke amathemba ababenawo kwakuyilokho esinye isazi sengqodo esasikushilo, futhi kwakukhona iNkosana yokuPhila efayo eKalvari. Kwakulihora elimnyama kunawo wonke umhlaba owake walibona.

81 Kodwa iPhasika likhiqize ihora elikhanya kunawo onke umhlaba owake walibona, ngoba zonke izinkolelo-ze nakho konke ukungabaza, nakho konke ukwesaba, kwakususiwe ngenkathi uNkulunkulu eMvusa.

Kungani kwakumnyama na? Yini eyenza kube mnyama na?

82 Asilandele, njengoba ngishilo esikhashaneni esedlule, mayelana nezinyoni, mayelana nezimbali. Mayelana, nokuthi kungani iminduze emincane yePhasika iqhakaza ngePhasika na? Kungani izinyoni zicula entwasahlobo yonyaka na? Kungani ukuqhakaza kwezimbali kuvela na? Kungenxa yokuthi sekuza ihlobo. Yini okukwenzayo na? NgoFebhuwari, cishe yinyanga embi kakhulu esinayo, ubusika bekulokhu buza, buza, buza, buza, kwaze kwaba yilapho buthatha ukugadla kwakho kokugcina, base-ke bubuyela emuva, ukunikeza indlela yokuphila. Ukufa kuthathe ukugadla kwakho kokugcina. Kufanele kubuyele emuva futhi kudedele impilo nendawo yayo.

83 Yini eyenza kube mnyama ngaphambi kokuba kuse na? Kungubumnyama okukhulu kunakho konke ngaphambi kokusa. Siyatshelwa, ngososayensi, ukuthi ngukukhanya kucindezela, kuza, kuhamba kwehla. Ilanga liyeza emhlabeni jikelele. Ukukhanya kwalo kucindezela ubumnyama. Kwenza ukugadla kwakho kokugcina. Akusakwazi ukuqhubeka nokuma. Ubumnyama bungeke bukwazi ukuma ebukhoneni bokukhanya. Bungeke bukwenze. Ukukhanya kunamandla ngokuphindwe kazigidi ezilishumi kunobumnyama, ngakho ukukhanya nobumnyama bungeke buhlale ndawonye. Futhi lapho ukukhanya kuqala ukuphakama, ubumnyama buyahlala futhi buye ngokwesinda. Kubucindezela ndawonye.

84 Kunjengokuqathaza uyinki e—ebhavini wokuwashela ogcwele isisusamabala. Uvele nje uphele nya. Abusekho ubumnyama boyinki uma uqathazwa kwisisusamabala. Uba isisusamabala, qobo lwawo.

85 O, yileyondlela isono esingayo. Uma siqathazelwa eGazini loMsindisi, sivele nje siphele nya. Sesihambile. Akumangalisi Athi, “Siphakathi kolwandle lokukhohlwa.” Ubhavu wesisusamabala sikaNkulunkulu esingeke saphinde satholwa. Sivele sehlukane nje siphele. Asisekho. Yileyondlela

isono esingayo, uma sewubone uvuko lwangempela nentengo eyakhokhelwa lolovuko.

86 Ubumnyama, bucindezele ndawonye, ngoba maduzane nje buzoshabalala. Futhi khona-ke lapho nje kufika ukukhanya, ubumnyama abusekho. Buya kuphi na? Kwenzekeni kulobobusuku obumnyama, amahora ambalwa edlule, obebulenga ngakulelitabernakele na? Bungeke nje bubekhona manje. Ilanga liyakhanya. Buye kuphi na? Yiyiphi ingxenye obuyiphakamisile, noma behlele kuphi na? Buvele nje banyamalala. Futhi isizathu kubemnyama, yingenxa yokuthi bekungekho kukhanya.

87 Futhi isizathu umuntu engenalo ithemba, lwalungekho uvuko. Kodwa iPhasika laveza uvuko. Manje ubumnyama abusekho. SekunguKhanya.

> Sizohamba kulokhu kuKhanya, lokhu kuKhanya okuhle,
> Okuvela lapho amazolo omusa ekhanya khona;
> Ukusikhanyisa ndawo zonke, emini nasebusuku,
> UJesu, uKhanya kwezwe.

88 Ubusuku buyaqhubeka buyacindezela, futhi ake sibeke lokho ezweni lonke. Leli yihora elimnyama kunawo onke, ihora elimnyama kunawo onke lelizwe elake lalibona. Ngisho nemvelo iyathuthumela. Ngomzuzu owodwa, lomhlaba wonke bewungaba yimpuqumpuqu. Yini ebingenzeka ngokuphendula . . . ngokuphendula kwehayidrojini noma—noma—noma umoyampilo, noma amanye alamabhomu amakhulu, ukuphendula kwe-athomu na? Sonke isihlahla, bonke utshani, yonk'into, lonke igatsha, yonke inhloso, wonke umuntu, yonk'into, bekuzovele kube izicucu futhi kubuyele emuva ekubeni ngama-esidi. Niyabo ukuthi kuyini na? Umhlaba wonke uyathuthumela. Kukhona amabhomu aselungile.

89 Yonke into ibonakala ilungiswe kahle ngesikhathi. Futhi uma ubumnyama sebunesikhathi sabo sesilungele, kangakanani-ke ukuKhanya ukuba kulungise esakho!

90 Yini eyenza kube mnyama kangaka manje na? Yini eyenza lezizinto na? Amabandla onke engasahlanganyeli. Siyaqophisana. "O, ngabe ukhona na? NgiyiMethodisti. NgiyiPresbyterian. NgiyiPentecostal. Ngiyi church of God. Ngiyi-Assembies." O, aniboni yini, bantwana na? Uma kuyilokho obekumele sime kukho, singaba abantu abadabukisa kakhulu ezweni.

91 Ngijabula kakhulu ngalena encane, indawo engcwele, indawo encane ezansi lapha e-Ohio Avenue, emkhukhwaneni wamalahle, ngobunye ubusuku, lapho uNkulunkulu aphakamisa khona ikhethini. IMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, amaPentecostal, onke abaleka andiza ngalesosikhathi, ngoba

ngibone iPhasika. Ngibone uJesu njengoMsindisi wami. Ngambona njengovuko nokuPhila. "Lowo okholwa yiMi—yiMi, noma efile, nokho wophila. Noma ubani ophilayo futhi ekholwa yiMi akayikufa nokufa." NgiMbona njengeNkosi kuphela noMbusi omkhulu, into kuphela ebeyingangisiza, uMnikezeli kuphela wokuPhila okuPhakade, loWo kuphela owayengaphilisa ukugula kwami, owayengasusa izifo zami, Ongangivusa ezinsukwini zokugcina. Wangivumela nje ngabuka ngale kwekhethini, futhi ngaMbona, uvuko. Ngaseke ngijoyinana noJobe, "Ngiyazi uMhlengi wami ukhona!" Futhi emva kwalokho akusekho Methodisti, noma iBaptisti, noma iPresbyterian, noma amaPentecostal, uMhlengi wami uzoqhubeka ephila ngokufanayo nje.

92 Ungahle uthi, "Awu, lokhu kunga*le*ndlela, nalokho kunga*leyo*ndlela; ngaphandle kokuba wenze *lokhu*, ngaphandle kokuba wenze *lokho*."

93 Ngazi kangcono, ngoba ngibukile ngale kwekhethini lesikhathi. Ngibe sezihlabathini ezingcwele; nalo lonke ikholwa phakathi lapha. Akukho develi ongathinta lesosihlabathi. Akukho dokotela wesayensi yezenkolo ongakuchaza akususe. Wangiphilisa lapho ngigula. Wangisindisa lapho ngangilahlekile. Uphila kuze kube phakade.

> Ungibuza ukuthi ngazi kanjani ukuthi Uyaphila?
> Uphila ngaphakathi kwenhliziyo yami.

Akafile, kepha Uvukile kwabafileyo.

94 Futhi lobu bumnyama obukhulu buyahambahamba phezu komhlaba manje, akulutho kodwa ukumemezela ukuthi ukuKhanya kucindezela indlela yaKho eyehlayo.

95 Lapho ukufa kulengela eduze kakhulu, ukuthi kungaba ngehora. Ngesikhathi esingangehora kusukela manje, umhlaba ungahlangabezana nokufa kwawo. Uma ukufa kulengela eduze kangako, yini okukwenzayo na? UkuPhila, ukuPhila okuzayo; uvuko, iPhasika labo bonke abantwana bakaNkulunkulu. Kulengela maphansi. Kuyacindezela. IziNgelosi ziyehla. UMoya oNgcwele omkhulu uyangena. Ubumnyama buthatha ukushaya kwabo kokugcina, ngoba ukuKhanya kuzoba lapha maduzene. UKristu uzoza, intokozo nethemba leminyaka, uvuko lwangempela lwawo onke amakholwa. Ngoba sizohlanganyela naYe ovukweni lwaKhe, njengoba sihlanganyele naYe ekuhluphekeni kwaKhe. "Lowo ohlupheka naMi uyobusa kanye naMi."

> O, ngakho-ke, ngifanele ngithwalwe ngiye eKhaya eZulwini ngombhede wezimbali wobulula,

Bebe abanye balwela ukuzuza umklomelo futhi bahamba ngomkhumbi ezilwandle ezinegazi na?
Qhabo, ngifanele ngilwe uma ngabe kumele ngibuse. Yandisa isibindi sami, Nkosi.

96 Lowo ngumkhuleko wami. O, angifanele ngihambe njengegwala. Angifanele ngizulazule, nsuku zonke, nekhanda lami lilengela phansi, nje sengathi bekunento ethize esabekayo. Lapho ngibuka umhlaba nabo bonke ubumnyama bawo, nakho konke ukuqhubeka kwawo; ngifanele ngiphakamise ikhanda lami, ngihambe nekhanda lami phakathi kwezinkozi, ngazi lokhu, ukuthi, "NgiYamazi emandleni ovuko lwaKhe." Ngoba Uyaphila, nathi siyaphila futhi. Ngoba Wavuka kwabafileyo, ngiyakuvuka nami. Uyakuvuka nawe. Yilokho okuchazwa yiPhasika ekholweni.

97 Ngesinye isikhathi esedlule, ngale e. . .Impi yokuQala yoMhlaba yayiqhubeka. Babenamagesi amakhulu ababewaphonsa, njengegesi yemastadi neklorini, futhi yayiyingozi. Yayingabhubhisa yonk'into ngoshevu. Amacembe ayefa, izihlahla zazifa, notshani babufa, yonk'into, lapho leyogesi (leyogesi yemastadi) yayingakushisa ikuqede uma beyiphonsa.

98 Umfundisi wamasotsha, ngokunye ukusa kwePhasika, wayehla edlula e—emathendeni lapho abalimele nabafayo babelele khona.

99 Unesi wenhlangano yeSiphambano esiBomvu weza ngalapho. Abafana babekade behamba phambili isikhathi eside kakhulu, ngaphandle lapho, babekhandleke kakhulu. Futhi ngakho wayene—nesixheke sezimbali esandleni sakhe, futhi lapho edlula uhlaka oluncane ngalunye lapho abafana wayelele khona, ekhala. KwakuliPhasika. IPhasika elinjena pho kubo; izindiza zazedlula ngaphezulu, namabhomu eqathazwa! Wayethatha imbali futhi anikeze umfana ngamunye, athi, "UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, mfowethu." Lawo masotsha ayebambisisa leyombali futhi akhale kakhulu, ngoba ayazi ukuthi leyombali yayitshalwe ezweni lakubo.

100 Mfowethu, kulokhu ukusa, sisemhlabeni wegesi enoshevu oyingozi. Sisemhlabeni lapho zonke izinhlobo zezimfundiso nezinto, ezithi, "Alukho uvuko. Futhi akukho kuphilisa kukaNkulunkulu. Akukho *lokhu*, noma *lokho*, noma *okunye*." Kodwa, hhayi unesi wenhlangano yeSiphambano esiBomvu; kodwa uMoya oNgcwele uyafika, kanye emva kwesikhashana nje, futhi usilethe kulezo zihlabathi ezingcwele zomusa kaNkulunkulu, futhi uthele enhliziyweni yethu uphawu oluncane oluvela eZweni elingaphesheya komfula.

101 Wathi, "Mshumayeli, mngani," wathi, "Ngama lapho ngakhala izinyembezi, ngaze ngakhala izinyembezi

kanjalo, ngaze ngathi . . . Omunye walabafana wayehamba ngesithuthuthu, ukuya emigqeni engaphambili, phandle ukudlula iLa Salle, iLorraine, wayesethi wayeya phandle lapho ukuyokwenza uhlobo oluthile lo—lokuhlola ulwazi ngesitha. Futhi wathi . . . Ngathi kuye, 'Sayitsheni, ngingagibela nawe na?' Wathi, 'Impela, mfundisi wamasotsha, gxuma ugibele.' Wathi, 'Uthatha okwakho . . .' Wathi, 'Lokho kulungile. Ngingathanda nje ukugibela nawe.' Wathi, 'Impela, gxuma ugibele.'"

102 Wathi, "Sahamba saze safika kuleyondawo ewugwadule olushiswe yimithi, lapho kungekho ngisho umthonselana wotshani noma kungekho lutho." Futhi wathi, "Lapho esahlela phansi impahla yakhe, ukuthi wayezophinde athumele umlayezo emuva, noma ngabe kwakuyini ayefanele ayenze," wathi, "Ngahambahamba lapho kancanyana nje. Ngacabanga, 'O, akusilo leli iPhasika elithize pho! Ngaphandle kulelizwe, lapho amabhomu ashaye zonke izakhiwo zawela emhlabathini, lapho izihlahla ziwiswe khona phansi, ngezinhlavu zomshinigani, akukho ngisho nomthonselana wotshani osele.'" Wathi, "O Nkulunkulu, lesi yisithombe salelizwe, ngezinye zalezi zinsuku, lapho isono sesithathe ukushaya kwaso. Lesi kuyoba yisithombe."

103 Futhi wathi, "Ingqondo yami—yami namehlo ami kwakhangwa yidwala elithize." Futhi wathi, "Ngaya khona, futhi ngacabanga, 'Nkosi, kungani Ufuna ukuba ngime ngakulelidwala na?'" Wathi, "Ngaphakamisa idwala nje, futhi, ngenkathi ngenza, umnduze omncane wePhasika wawumise ikhanda lawo. Wawuvikelekile kusosonke isiphepho. Kuwo onke amagesi oshevu, akuzange kuze kuwukhathaze, ngoba wawufihlwe edwaleni."

104 "Ngiyazi uMhlengi wami ukhona." O Nkulunkulu, kungakhathaleki ukuthi izwe lithini, ngifihle eDwaleni lemiNyaka, Nkosi. Lapho iziphepho sezedlule, ake ngiphakamise ikhanda lami futhi ngiphinde ngiphile futhi. Ngoba Uyaphila, siyaphila nathi. Lingathini ikholwa, elime ezihlabathini, elizifakazisile lezizinto na? "Ngiyazi uMhlengi wami ukhona."

105 Ibandla, umhlaba, i . . . liya enkonzweni kulokhu ukusa; iningi labo, ukuyokhombisa ibhantshi elisha; abanye babo, ukukhombisa isigqoko esisha. Bangeke baphinde bababone futhi kuze kube iPhasika elilandelayo futhi. Ukuphuma nje uyobukisa ngokwezwe nokuyize. Abaningi babo baya enkonzweni, ukucasha nje ngemuva kwezono zabo nokuba owezinhlangano ezinkulu ezithize, futhi uthi, "Ngingu *Sbanibani*. Ngingowo *Ukuthi-nokuthi*." Yilokho kuphela abakwaziyo. Yilokho kuphela abakukholiwe.

106 Kodwa, o, kithi, kulokhu ukusa, ngomusa kaNkulunkulu, sime endawaneni lapho uMose ama khona; sime endawaneni

lapho uJobe ama khona; sime endawaneni lapho uDavide ama khona; futhi simemeza kakhulu ngalo lonke iphimbo lethu, "Ngiyazi uMhlengi wami ukhona, futhi ezinsukwini zokugcina Uyokuma kulomhlaba; noma ngabe izibungu zesikhumba zibhubhisa lomzimba, nokho, enyameni yami ngiyakumbona uNkulunkulu, Engiyozibonela mina uqobo; amehlo ami ayombona, futhi hhayi omunye. Asizanga nalutho kulelizwe; kuyize nje nokuziqhenya. Kuliqiniso ukuthi asiphumi nalutho. INkosi iphile neNkosi ithathile, alibusiswe iGama leNkosi." Into yinye ayeyazi, "UMhlengi wami ukhona!" Hhayi ukuthi, "U*yo*phila." "Uyaphila," lokho kuqhubeka kuze kube phakade. "Uyaphila!" Futhi ngoba . . . UJesu wathi, "Ngoba Ngiyaphila, nani niyaphila."

107 Asikhothamise amakhanda ethu, umzuzwana nje manje, ngomkhuleko wokuvala.

108 O, namhlanje, owami osesimweni esibi bandla, umngani, uma ungakaze wafika kulendawana! O, wena uthi, "Ngifikile lapha etabernakele, izikhathi eziningi, Mfowethu Branham." Lokho kuhle kakhulu. Ngiyakuthakasela lokho. "O, ngiyile kwamanye amabandla. Ngibezwile abashumayeli abakahle bekhuluma." Lokho kuhle kakhulu. "Ngilifundile iBhayibheli lami." Lokho kusekahle.

109 Kodwa ngabe uke wafika kuleyondawana lapho Aphakamise khona ikhethini, leyondawo engcwele lapho isehlakalo sashaya inhliziyo yakho; ukuthi uyazi ukuthi iPhasika lalingesiyo nje inganekwane; ukuthi uyazi ukuthi iPhasika lalingesuye uSanta Claus, into ethize encane eyinganekwane; ozazela yona wena ngokwakho, ukuthi Uyaphila; futhi ngoba Ephila, uyaphila nawe? Uma ungakaze wazizwela lokho, lesi yisikhathi esihle kakhulu, emhlabeni, ukuthi uvumele uNkulunkulu aphakamise ikhethini, kulokhu ukusa. UJesu uyaphila. Ukhululekile, emhlabeni, kulokhu ukusa. UnguMsindisi wakho namhlanje; angahle abe nguMahluleli wakho kusasa.

110 Kodwa awukaze uhlangabezane naleso sehlakalo na? Uma ungakaze, ungasiphakamisa nje isandla sakho, futhi uthi, "Nkulunkulu, ngihawukele. Manje ngizokholwa"? [Akuqoshwanga eteyipini] . . . umuntu emuva laphaya, nesandla sakhe. UNkulunkulu akubusise, mnumzane, laphaya. Omunye umuntu futhi phakamisani izandla zenu.

111 Bonke phakathi lapha manje, abangakaze babe nalesosehlakalo, ungasiphakamisa isandla sakho, uthi, "Nkulunkulu, kulokhu ukusa, ngendlela yaKho yobuNkulunkulu . . . AngiKuceli noma ngiKutshele ukuthi ufanele unginike kanjani, Nkosi. Kodwa, ngeyaKho indlela yobuNkulunkulu, Nkosi, Ungeke wangithatha yini ungiyise kuleyondawana lapho okuthize kuzokwenzeka enhliziyweni yami na? Ngike ngaba nokuphakama nokubaphansi kwami,

ukuba phakathi nokuba ngaphandle kwami, futhi angikwazi nje ukuhlala ngizinze, ngandlela thize. Kodwa leli akube iPhasika langempela kimi. Ngiyise kuleyondawana, Nkosi, kwingemuva logwadule. Lapho bumba inhliziyo yami, nje manje. Futhi unginike lezo zihlabathi ezingcwele ukuba ngime kuzo, lapho kungekho dimoni, noma yini enye, noma omunye ongake asho utho kimi, ngiyazi ukuthi kungokwangempela. Ake ngibuke phambili ngale kwekhethini lesikhathi, ngenzele ikusasa. Yingakho ngiza lapha, kulokhu ukusa, Nkosi, ukuthola lokho. Ngimzwile umshumayeli ezama ukukuchaza. Ngifuna Wena ukuba ukwembule kimi."

112 Ungasiphakamisa isandla sakho na? UNkulunkulu akubusise, nenekazi. UNkulunkulu akubusise, nawe emuva lapho, insizwa. Futhi uNkulunkulu abe nawe. Ngakwesokunxele sami lapha, ngale ngasesikhaleni sezihlalo ngakwesokunxele. Ngakwesokunxele sami, ngabe ukhona yini ongathi, "Nkulunkulu, ngihawukele, khona manje nje." UNkulunkulu akubusise, ngalapha kwesinye isikhala sezihlalo. Yebo. Phakamisa isandla sakho, uthi, "Nkulunkulu, ngihawukele." UNkulunkulu akubusise, nenekazi eliselincane.

> Ngikhumbule ekhaya futhi ngikhathele, futhi ngifuna ukubona uJesu,
> Ngifuna ukuzwa izinsimbi ezimnandi zesikhumulo semikhumbi zincenceza;
> Bekuyokhanyisa indlela yami futhi bekuyoqeda konke ukwesaba;
> Nkosi, mangibuke ngale kwekhethini lesikhathi.

113 "Ake ngibuke nje kancane, ngibone uJesu ovukweni lwaKhe." Angabakhona yini omunye ngaphambi kokuvala ngomkhuleko manje na? Yiba qotho nje. Phakamisa isandla sakho. "Angikaze ngiwubone umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, Mfowethu Branham." Yilokho engikhuluma ngakho. Yileyo ndlela kuphela eningaba ngayo izindlalifa zesethembiso, kungo—kungombhaphathizo kaMoya oNgcwele. Niyakwazi lokho. Lokho ngukuzalwa kwakho. Leso isihlabathi sakho esingcwele. UNkulunkulu akubusise, nenekazi. UNkulunkulu akubusise emuva lapho, ndodana. UNkulunkulu akubusise, mnumzane. UNkulunkulu akubusise, nenekazi. UNkulunkulu akubusise ngemuva. Kulungile. UNkulunkulu akubusise, mnumzane. UNkulunkulu akubusise, mfo omncane.

> Nkosi, mangibuke ngale kwekhethini lesikhathi.

> Mangibuke ngale kwekhethini losizi nokwesaba,
> Mangizwe izinsimbi ezimnandi zesikhumulo semikhumbi zincenceza;

Bekuyokhanyisa indlela yami futhi bekuyoqeda konke ukwesaba;
Nkosi, mangibuke ngale kwekhethini lesikhathi.

114 [UMfowethu Branham uqala ukuhamisha *Ngale KweKhethini Lesikhathi*—Umhl.] Uma umi kuleyondawana, ukuthi awazi ngisho nokuthi ukuphi! Kube nezandla ezilishumi noma ezilishumi nanhlanu eziphakeme. Ngizwa sengathi kusekhona ezinye futhi. Kulokhu ukusa kwePhasika, kungani ungaphakamisi isandla sakho futhi uthi, "Nkosi, nangu mina. Futhi uma lelochibi livuleka ngehora leshumi nanye nqo, ngizoba lapho kulawomanzi ngqo, nami. Ngiya ezansi ukuyobhaphathizwa, ukuze ngivuswe ebusheni bokuPhila, ukuba ngihambe naWe, Nkosi. Ngifuna ukubuka ngale ngaphesheya kwekhethini lesikhathi. Ngifuna ukuba nesehlakalo khona manje, kulokhu ukusa kwePhasika, ukuze ngithi, noma ngasiphi isikhathi ngempilo, 'Yebo, ngangihlezi endlini yetabernakele endala, ngokunye ukusa okuhle kwePhasika. UNkulunkulu waphakamisa ikhethini. Ngabuka ngale. Ngabona ukuthi ibandla lami belingasho lutho kangako. Ngabona ukuthi kwakungekho lutho emhlabeni okwakusasho lukhulu kimi. Lapho ngathengisa ngakho konke enganginakho. Ngathenga iParele lentengo enkulu. Ngamukela uJesu njengoMsindisi wami.' Manje sengiphakamisa isandla sami, Nkosi uNkulunkulu. Ngihawukele. Nkulunkulu, ngifuna ukubuka ngale kwekhethini lesikhathi." Angabakhona yini omunye ngaphambi kokuvala nje khona manje na?

115 Nkulunkulu othandekayo, lesi yisikhathi esimqoka kakhulu. Sithokozela izibusiso. Silithokozele iZwi. Sithokoze okungaphezulu kwalokho esingakuchaza; uBukhona bukaMoya oNgcwele, Osinike lesisiqiniseko esikhulu, ukuthi sesedlule, futhi sedlule e—ekufeni sangena ekuPhileni. Futhi kukhona labo abakhona manje, Nkosi, abaningi babo, baphakamise izandla zabo. Lesi yisikhathi esimqoka kakhulu.

116 Mhlawumbe kungenzeka ukuthi baqeqeshwe esikoleni esithize senkolo. Bangahle ukuba bokhele amakhandlela. Bangahle ukuba baphindaphinde imikhuleko, phezu kobuhlalu. Bangahle ukuba bajoyine ihlelo elithize; bacwiliswe ngendlela ethize, bathelwe ngamanzi ekhanda labo, noma bafafazwa. Bangahle ukuba baphindaphinde iSivumokholo sabaPhostoli futhi bedlula emgudwini wesimo senkolo. Kodwa abakaze bafike kulowomhlabathi ongcwele, abakaze bafike kuleyondawana njengoba uJobe enza, njengoMose, njengo-Abrahama, njengabo bonke abantwana baKho abenzile. Abakaze bafike kuleyondawana njengalabo bafundi abaya ethuneni, ngalokho kusa, futhi bathola ukuthi Wayehambile.

117 Siphe khona, Nkosi, khona manje nje, labo abaphakamisa izandla zabo, ukuthi uMoya oNgcwele

omkhulu uzofika ezinhliziyweni zabo futhi wenze lomsebenzi omkhulu esiwucelayo manje. Sizwe, Nkosi. BangabaKho. Bayizithelo zoMlayezo. Ngikhulekela ukuthi Uzobabusisa, ngokumangalisayo. Baphe umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, namhlanje.

118 Futhi asazi, mhlawumbe singahle singaphindi sibone elinye iPhasika. Akungabazeki ukuthi kunabanye lapha abangeke; hhayi iPhasika njengaleli, iPhasika njengesikhumbuzo. Kodwa, Nkosi, sengathi bangabona leloPhasika langempela, lelo, Nkosi, ukuthi lapho umzimba wabo uyoba sesimweni sensizwa noma intombi, futhi, baphuma ethuneni, ukuba baphile ingunaphakade.

119 Babusise, Nkosi. BangabaKho. NguWe obadonsile. Ngoba kulotshiwe ukuthi, “Akekho umuntu ongeza kiMi, ngaphandle kokuba uBaba waMi amdonse kuqala.” Manje sebengabaKho, uma Ubadonsile. Uma Usondele ngokwenele kubo, ukuthi udonse izandla zabo ziphakamele emoyeni, Usondele ngokwanele ukwenza wonke omunye umsebenzi. BangabaKho, Baba. Nikeza ukuthi lokhu kuzoba isikhathi sokuthula kubo.

120 NgiyaKubonga ngabo bonke laba asebesenzile isinqumo sabo esikhathini esedlule, futhi babenesehlakalo sokuphila okusha, bama phezu kwezihlabathi ezingcwele. Silapha ukuzojabula kanye nabo kulokhu ukusa, emathembeni okuBuya kweNkosi uJesu, lapho khona nathi futhi si—sizohlanganyela naYe, ekuvukeni kwaKhe, njengoba sihlanganyele ekuhluphekeni kwaKhe. Siphe khona, Nkosi. Sengathi uMoya waKhe ungasihola futhi usiqondise, sisaqhubeka nokuhamba.

121 Siphe inkonzo enkulu, manje, ligamenxe ihora lesishiyagalolunye, Nkosi. Futhi ngokushesha philisa abagulayo nabahluphekile.

122 Sengathi labo abangakaze bacwiliswe namanje, bangeza ethuneni kulokhu ukusa, bashone phansi, futhi baphinde bavuke futhi ethuneni lamanzi lapha, Nkosi, athunywe yiNkosi yethu. Emva kovuko lwaKhe Wabonakala futhi wathi, “Hambani niye ezweni lonke, nishumayele iVangeli. Yilowo nalowo okholwayo futhi abhaphathizwe uyosindiswa.” Siphe khona, Nkosi, futhi kuzoba njalo.

123 Siphe ubusuku obukhulu, kulobubusuku. Yenza, Baba, siphe usuku olukhulu. Sengathi singabujabulela kade uBukhona bukaNkulunkulu. Ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

124 Into ethize nje ngaleloculo elidala, lenza nje okuthize kimi! Lapho ubumnyama sebuphelile, kwenzekani na? Ukukhanya. Ake silicule manje, odumweni lukaNkulunkulu. Wonke umuntu, kanyekanye manje.

O, sizohamba ekuKhanyeni, ukuKhanya okuhle,
Okuvela lapho amazolo omusa ekhanya khona;
Kusikhanyisa ndawo zonke, emini nasebusuku,
UJesu, ungukukhanya kwezwe.

125 Ngenkathi Efika lapho ngokusa kwePhasika, Wadabula bonke ubumnyama; babaleka nje. Manje Umi njengokuKhanya. "Ngingukuvuka nokuKhanya, ukuvuka nokuPhila, ukuvuka nokuqhubeka emva kwalokhu." Konke kukho konke kukuYe.

126 AniMthandi na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Bangaki abaMthandayo na? Phakamisani izandla zenu, ziphakame kakhulu. Kuhle lokho.

127 Xhawulana nomunye oseduze nawe, sisacula futhi. "Sizo . . ." Kwesokudla, esokunxele, emuva, phambili. " . . . ukuKhanya okuhle." [UMfowethu Branham ushiya umbhobho wasepulpiti—Umhl.]

128 Izinkonzo zizolandela, manje, sekugamenxe ihora lesishiyagalolunye, kuzoba-ke sekuba nenkonzo yokushumayela, umkhuleko wabagulayo. Inkonzo yombhaphathizo izoqala ngehora leshumi nanye nqo. Nonke nina ofuna ukubhaphathizwa, ngokucwiliswa; ichibi ligcwele. Ngizoza nezimpahla zami. Sizobuya emva kwesikhashanyana nje.

129 Bese-ke, kusihlwa, ngenye inkonzo kusihlwa, ezayo, umugqa wokuphulukiswa, uMlayezo, nomugqa wokuphulukiswa. Futhi sizobona . . . Awu, kulobu busuku ubusuku besidlo kulelitabernakele, futhi. Sizobona; sinohlelo olumatasa kakhulu, ngakho sizodingeka sisheshise manje. Yanini ezindaweni zenu ezihlinzekelwe, nidle ukudla kwasekuseni, bese niyabuya, nijabula.

130 Sisasukuma manje futhi sicula, "Uyaphila, Uyaphila, uKristu uJesu uyaphila namhlanje." Kulungile, Mfowethu Neville, ungeza ngalapha.

Uyaphila, Uyaphila, uKristu uJesu uyaphila namhlanje!
Uhamba nami futhi ukhuluma nami endleleni encane yokuphila.
Uyaphila, Uyaphila, ukunikeza insindiso!
Ungibuza ukuthi ngazi kanjani ukuthi Uyaphila na? Uphila phakathi kwenhliziyo yami.

131 Manje, wonke umuntu, omkhulu u "Haleluya!" [UMfowethu Branham nebandla bathi, "Haleluya!"—Umhl.]

Uyaphila, Uyaphila, uKristu Jesu uyaphila namhlanje!
Uhamba nami futhi ukhuluma nami endleleni encane yokuphila.
Uyaphila, Uyaphila, ukunikeza insindiso!
Ungibuza ukuthi ngazi kanjani ukuthi Uyaphila na? Uphila phakathi kwenhliziyo yami.

132 Asilicule futhi. Uma sifika lapho okuthi, "Uyaphila, Uyaphila," asiphakamisele izandla zethu kuYe, ka*njalo*. "Uyaphila. Uyaphila. Ngibuze ukuthi ngazi kanjani ukuthi Uyaphila na? Uphila phakathi kwenhliziyo yami." Wonke umuntu manje.

Uyaphila, Uyaphila, uKristu Jesu uyaphila namhlanje!
Uhamba nami, Ukhuluma nami endleleni encane yokuphila.
[UMfowethu Branham ukhuluma nomunye—Umhl.]
Ungibuza ukuthi ngazi kanjani ukuthi Uyaphila na? (Kulungile, manje.) Uphila phakathi kwenhliziyo yami.

133 Akamangalisi na? Lowo mzuzwana ongcwele, onesizotha manje, lapho sikhululwe khona, ukuya emakhaya ethu siyothola ukudla kwasekuseni. Sibuye, sijabula.

134 Ngizocela, sisakhothamisa amakhanda ethu, uma uMfowethu Foulst othandekayo lapha, ovela eCanada, uma ezosikhipha ngezwi lomkhuleko. Mfowethu Foulst, uma uthanda.

